



Stanmore Secondary School



SEPTEMBER CONTROL TEST 2020

ABAHLELI BEPHEPHA: T.O.N

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/Uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo ngayinye isihloko esifanele.
10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Mhla kufika isivakashi esasingalindelwe ekhaya. [50]
- 1.2 Intsha yanamuhla. [50]
- 1.3 Ukuba wakhuliswa kahle ngabe akabahlukumezi abanye abafundi. [50]
- 1.4 Ubuhle nobungozi bokuwina imali eningi kakhulu. [50]
- 1.5 Imicimbi yasebusuku iyimbangela yezinkinga intsha ebhekene nazo. Uyavumelana noma uyaphikisana nalesi sihloko? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI


Umalumekazi wakho akahlali nabazala bakho ekhaya ngenxa yokusebenza kude. Lokhu kwenza abazala bakho bathole ithuba lokwenza izinto ezingalungile behlangene nabangani babo.

Bhalela umalumekazi wakho incwadi umchazele ngalezi zinto, umtshele ukuthi sewehlulekile ubakhuza.

[30]

2.2 UMLANDO NGOMUFI

Buka lesi sithombe esilandelayo bese ubhala umlando ngomufi usebenzise imininingwane oyinikiwe.



[Sithathwe ku-googlepics.com]

[30]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Endaweni yangakini kuzokwakhiwa uMtapo Wolwazi (Library), ikomidi lomphakathi lizohlangana mayelana nokwenza lo msebenzi.

Bhala i-Ajenda namaminithi omhlangano enibe nawo njengoba unguNobhala waleli komidi.

[30]

2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE


Ungumdlali weqembu lesizwe ovelele. Uthishomkhulu wesikole saseThubalethu High ukucele ukuba uzogqugquzela abafundi futhi ukhulume ngokubaluleka kwezemidlalo ezikoleni.

Bhala inkulumo ozoyethula kubafundi kanye nothisha baseThubalethu High.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU B:

30



[Umdwebo wokuziqambela]

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C:
AMAMAKI ESEWONKE:

20
100

